Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU.

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA: | [25] |
| ISIQEPHU B: UKUFINGQA: | [10] |
| ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIM: | [35] |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngokucophelela.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
6. Bhala izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
8. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
   ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
   ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

10. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

Fundisisa **UMBHALO A** ubuye ubukisise **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**IZINKINGA EZIDALWA UKUCIMA KUKAGESI ENINGIZIMU AFRIKA**

**1** Izakhamuzi zakuleli lizwe likaPhunga noMageba zibhekene nenkinga ngenxa kacimi cimi kagesi. U-Eskom yiyona nkampani yaseNingizimu Afrika eyisikhondlakhondla ephakela ugesi kuleli, ayigcini lapho ibuye iwusabalalise emazweni angomakhelwane bethu okuyiLesotho, Swaziland, Botshwana, Mozambique, Namibia kanye naseZimbabwe. Kubukeka sengathi nayo le nkampani isixakekile ngokumele ikwenze ukuze inqande ukundlondlobala kokucima kukagesi.

**2** Kunemibono ehlukahlukene mayelana nokungasiza njengoba sikule nkinga yokuphela kukagesi. Kunemibono ethi asivele sikhohlwe ugesi sibuyele kokwakudala njengokuthi sigcwale amaqele, izinkalo, amahlathi kanye namahlanze siyotheza izinkuni. Lokhu kuzosisiza ngoba sizokwazi ukuphemba umlilo kuvuthwe amabhodwe. Kwalani nje ukuthenga isiphefu kumbe ukwakha umgodi wopata siyeke ukudla izibozi? Le mibono ibukeka iyisixazululo esingayi ndawo ngoba phela ugesi uphethe yonke impilo yomuntu. Yingakho-ke siyizakhamuzi sikhungathekile ngenxa yokuhamba kukagesi. Okubuhlungu kakhulu ukuthi isimo siya ngokuba nzima kunakuqala.

**3** Kamuva nje sibone ukucisha konga kukagesi kungena ezingeni eliphezulu kakhulu kunawo wonke ake aba khona leli zinga elesi-6. Uma ukuleli zinga ugesi kusho ukuthi uhamba amahora ayisi-6. Lokhu kuhamba kukagesi kuleli zinga kudale inhlekelele kubantu kanye nakuyo ingqalasizinda. Ekuqaleni kungakangenwa kulo besibona amabhizinisi amaningi evala abuye avule uma ugesi usubuyile. Libe seligaya ngomunye umhlathi kuleli zinga lokucisha konga kukagesi, umonakalo omkhulu udaleke emabhizinisini kanye nasemabhange. Amabhizinisi amaningi awe bhu phansi ngenxa yokuthikamezeka komkhiqizo. Bekungokokuqala ngqa sibona amabhange engasebenzi uma kuhambe ugesi, amanye ebegcina esebenza amahora amabili vo ngosuku. Ukungasebenzi kwamabhange kudale nokuthi emishinin ekhipha imali kucwebe iziziba.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**4** Umongameli wezwe laseNingizimu Afrikha usethathe isinqumo sokuba amemezele ukuhamba kukagesi kuleli njengesehlakalo esiyinhlekelele. Inhlekelele isimo esithinta izwe lonke esinzima esingalawuleki kumbe esingabekezeleleki esidala umonakalo omkhulu empilweni yabantu, ukumoshakala kwempahla kanye nokukhinyabezeka komnotho.Inhlekelele ingahlukaniswa izigaba ezimbili. Kukhona inhlekelele edalwa imvelo njengezikhukhula, intabamlilo, ukubheduka kwezifo ezingalapheki, isomiso kanye nokunye. Enye inhlekelele idalwa isintu okungaba iziqhumana, ukuphahlazeka kwebhanoyi, ukusabalala kukashevu, kufe abantu abaningi, Izakhamuzi zaseNingizimu Afrikha sezize zaba nesilokozana ngenxa yezinkinga ezidalwa ukucimi cimi kukagesi. Kuke kwakhalwa nangesimo sezulu esibi kanye nokunye okuningi, phela **umlomo ishoba lokuziphungela.** Uma u-Eskom esezithethelela uthi ukucisha konga kukagesi bakwenzela ukuvimbela ukuthi izwe lingabi sebumnyameni isikhathi eside ngoba uma kungaba njalo umonakalo uzoba mkhulu kunalokhu oyikho.

**5** Ukuhamba kukagesi kudale indlala emizini eminingi. Uma kuhambe ugesi awukwazi ukubeka ibhodwe eziko**.** Ukudla kuyonakala kugcine sekuchithwa. Ngisho ufuna ukulula izimpahla zokugqoka awukwazi kungenagesi. Angisayiphathi-ke ekamabonakude, uvele uthi lotho usathi usabukela uhlelo oluyintandokazi. Abantu abasuke besemsebenzini basuke behambela ubala ngoba bafika emsebenzinibahlale kumbe bahuqe ubuthongo uma ugesi ungekho. Abasebenzi abaningi kuvele kuthi nyampu kumakhompyutha kanye nakunethiwekhi besathi bayaqala ukusebenza. Izingcingo eziba semahhovisi zivame ukusebenza ngogesi yingakho zithula du uma ungekho kanjalo nemishini esetshenziselwa ukwenza imikhiqizo. Amakheshi ayama nse kudingeke ukuthi abasebenzi basebenzise izitebhizi ezinde.

**6** Akulahlwa mbeleko ngakufelwa. Abanamandla bayazenza izaba ukuze impilo iqhubeke yize ugesi ungekho. Imizi eminingi isithenge izibani ezikwazi ukukhanya noma zingaxhunywanga kugesi. Eminye imizi isebenzisa ukukhanya noma zingaxhunywanga kugesi. Eminye imizi isebenzisa amakhandlela neziphefu ukuze kukhanye. Omacaphuna kusale bathenga izinjini abazisebenzisa uma kuhambe ugesi. Ukhona njalo nogesi welanga osetshenziswa emizini eminingi osiza kakhulu ngesikhathi sika cimi cimi kubukeka sengathi abahluphekayo bazothwala kanzima. Asivume ukubuyela empilweni yokusebenzisa izikhwepha siyeke impilo kagesi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

7 Inkunzi isemathoLeni. Isisombululo sikacimi cimi silele entsheni yanamuhla. Intsha kumele ifunde igogode izifundo zobuchwepheshe nezobunjiniyela.Siyizakhamuzi sihlalele ethembeni.

**KANYE NO**

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

**1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo**

**ISITHOMBE SOKU-1**



**ISITHOMBE SESI-2**



**ISITHOMBE SESI-3**



**ZICASHUNWE KU-WWW.GOOGLEPICS**

**IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)**

1.1 Nikeza amazwe amabili angumakhelwane wezwe lethu athekela ugesi ku-Eskom. Bhekisa impendulo yokho esigabeni soku-1 (2)

1.2 Tomula umusho ogqamisa ukuthi ukudla kungaphekwa ngisho ugesi ungekho. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-2. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.3 Yisho izindawo EZIMBILI la kudaleke khona umonakalo omkhulu ngenxa yokuba khona kwezingakonga lokucisha kukagesi. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-3. (2)

1.4 Yini inhlekelele ngokwalendaba? (2)

1.5 Qhathanisa izinkinga ezidalwa ukuhamba kukagesi emakhaya kanye nasemsebenzini. (2)

1.6 Yini inhloso yombhali ngokusethulela lesi siqeshana? (2)

1.7 Ucabanga ukuthi kungaba njani eNingizimu Afrikha uma kungafika esimweni lapho u-Eskom engacima khona ugesi isonto lonke? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amathathu. (3)

1.8 Isaga esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-4 sichaza ukuthi
Khetha incazelo eshaya emhlolweni kulezi ezilandelayo:

A. Uma umuntu ekhuluma ngento embi noma enhle igcina yenzeka.
B. Umuntu uzikhulumela yena ngokwakhe ukuze aphume enkingeni akuyo.
C. Ukukhuluma kakhulu kungenasidingo.
D. Ukukhuluma izindaba zabantu (1)

1.9 Ngokucabanga kwakho iyoke iphele nje kodwa indaba kacimi cimi kagesi ezweni lakithi? (2)

1.10 Uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono othi asivele sikhohlwe ugesi sibuyele kokwakudala.Sekela impendulo yakho. (2)

**[20]**

**KANYE NO**

**IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.2.1 Yisho okwenziwa abantu abasesithombeni sokuqala. (1)

1.2.2 Chaza isizathu esenza ukuthi osesithombeni sesi-3 alale emsebenzini. (2)

1.2.3 Ucabanga ukuthi umkhiqizo owenzeka esithombeni sesibili uzoqhubeka yini uma kuhamba ugesi? Sekela impendulo yakho. (2)

**[5]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A [25]**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) esimayelana nokudla okwakukhonzwe kakhulu ngabantu ngesikhathi sasendulo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**QAPHELA:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokudla okwakukhonzwe kakhulu ngabantu ngesikhathi sasendulo ngamagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa ngesigaba KUPHELA.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

**UKUDLA OKWAKUKHONZWE KAKHULU NGABANTU NGESIKHATHI SASENDULO**

Kusadliwa ngoludala kwabe kubuswa kwaZulu. Kwakungalanjwa sanhlobo ngoba kwakutshaliwe futhi kufuyiwe. Abantu bakuqala babekhuthele bengewona amavilavoco ahuqa ubuthongo. Abantu bakwaZulu babengabophi inja nogodo. Incoso yayidikadikwa abanikazi.bomuzi ngoba babengamakloza. Ngesikhathi sakudala kwakuhlatshwa ngisho kungonakele lutho kudliwe kubuswe kube njeyaya.

Uma kuzelwe usana ekhaya kwakuphekwa umdokwe luphuziswe wona ukuze libe umqemane. Kwakwenziwa ikakhulukazi uma kungesona isikhathi sokusenga noma obelethile egqoza ubisi.

Kwakuphinde kudliwe nohlaza ukuze umzimba uthole amavithamini adingakalayo. Phela kwakumele amabutho abe zidlakela ukuze akwazi ukubhekana nezitha. Izinsizwa eziyimifece zazingafuneki nhlobo. Njengoba abezempilo bekhuthaza ukuthi kumele kudliwe izinhlobo ezahlukene zokudla.

Amantongomane ayeshiswa ngebhodwe bese bewadla bewafake usawoti. Amafutha ayengavamile ukusetshenziswa noma babebuye bacwenge umlaza uma bekhipha izaqheqhe. Wawungeke usinike esingaboni. Wawuthola omame bezilibazisa ngawo amantongomane uma beluka amacansi bedla ingevu.

Uma kwethwasa ihlobo umndeni wawuzitika ngefutho. Ifutho ungalibalisa noma ulose kuya ngokuthanda kwakho. Abanye babeligaya lingabi namakhafilithi. Izalukazi namakhehla ayelithanda kabi ifutho ngoba kwakunzima kubo ukudla ingqathu. Akukho okwakulahlwa kwaZulu. Amaqpbhe ayephoselwa izingulube kanye nezimbuzi.

Uma izulu liqhaqhazelisa amazinyo babethanda ukuphunga umhluzi. Yingakho kwaze kwavela isisho esithi iphekwa ngomhluzi wenye. Kwesinye isikhathi babewusheba noma bengawushebi. Kwakukhona namakhambi athile ababekholelwa ukuthi uwahlanganisa nomhluzi aphuziswe isilwane esigulayo siphile sibe ngumqemane.

Okunye ukudla okwakwehla esiphundu futhi kuyintandokazi uma kothiwa ibandla kwakuyinhloko egxajisiwe yase ipholiswa. Lokhu kudla kwakungokwekhethelo futhi kuyivela kancane. Abantu besilisa babethanda ukuziphekela bona inhloko.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]**

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Downloaded from Stanmorephysics.com

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO OFUNDWAYO NOBUKWAYO) bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

# BUKHAZIKHAZI HOTEL

**UFUNA I-MATRIC DANCE ESESITAYELENI?**
**SIZOKUNIKA INDAWO EZOFEZA IPHUPHO LAKHO.**



Konke lokhu sikunika ngamanani alingene iphakethe lakho.

| IMOTO | IZINWELE | IZINZIPHO | IZIPHAQULO |
|---|---|---|---|
|  |  |  |  |

- ✓ U-DJ
- ✓ I-BUFFET
- ✓ IZITHOMBE NAMA-VIDEO
- ✓ IZIPHO

**BHUKHA MANJE!**

bukhazi.vodamail.co.za @khazikhazi #khazi_54 086 144 4888/9

Ungathinta onogada uma ufika ukuze bakusize.
Le ndawo ithatha abantu abayi-100 kuya kwabayi-1000.
Imithetho nemibandela
Kukhokhwa idiphozi engama-70% ngaphambi komcimbi.

**IMIBUZO**

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.1 Siqondiswe kobani lesi sikhangisi? (1)

3.2 Nikeza okubili aBasebukhazikhazi Hotel abakunika amakhasimende abo. (2)

3.3 Chaza inhloso yokusetshenziswa kwefonti enkulu egameni lehotela. (2)

3.4 Ngokucabanga kwakho kungabe ezokuphepha ziqinisekisiwe eBukhazikhazi Hotel? Sekela impendulo yakho. (2)

**[7]**

## UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Fundisisa lesi sikhangisi (**UMBHALO E)** bese uphendula imibuzo ezolandela

## UMBHALO E

**UMNUMZANE ZIKODE UZE KUDOKOTELA WENGQONDO** (Psychologist ).




[Sicashunwe ku -www.googlepics.com ]

## IMIBUZO

4.1 Kungani uZikode ezwakala engumuntu ongathembekile? (2)

4.2 Humusha ukusetshenziswa komlingiswa onguZikode abe mkhulu ngokomzimba kule khathuni (2)

4.3 Chaza kabanzi ngomsebenzi owenziwa udokotela Khoza kule khathuni. (2)

4.4 Ukube wena unguDokotela Khoza ubuzoqhubeka yini nokumsiza uMnu Zikode? Sekela impendulo yakho. (2)

**[8]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**
**UMBHALO F: (OFUNDWAYO)**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Unyaka usuphelile manje, impela isikhathi sesidliwe yinja. Sekuzovela obala konke **kuhle kwezinqa zesele** imiphumela kuwo wonke umuntu obesebenza kanye nobefunda. Kuzocaca ukuthi bawulungiselele ngokufanele yini uZibandlela. Phela konke kuvela obala ngale nyanga. Alikho eligxumela elinye. Bazohlala obala labo abebedlala ngesikhathi kanye nemali. Abanye bazobe behleka bodwa sebethola amabhonasi abo. Kukhona nabazothola imali abebeyonga unyaka wonke. 6

Abafundi abebezimisela bazodlulela phambili kanti labo abebengazimiseli bazokhala bazithulise. Kuneqembu elizivocavocayo ukuze libe nemizimba emihle ehambisana nalesi sikhathi. Izigebengu nazo azizibekile phansi ngalesi sikhathi. **Amadolobha** amakhulu agudle **ulwandle** agadwa kakhulu. **Kufakwa amaphoyisa amaningi ngoba abantwana bayalahleka**. Izingane ezimukayo zidliwa izilwane eziyingozi. 11

Kuningi kakhulu okwenzakalayo ngalesi sikhathi singakubala kushone ilanga. Abantu kumele bazifundise ukuziqoqa ngalesi singathi kungabe umncane noma umdala kuyafana ukuze kuzogwemeka izingozi ezahlukahlukene. Okukhulu kunakho konke ukuthi uma unyaka usaqala usebenze ngokuzikhandla ungalindi amathonsi abanzi bese wenza izinto usutatazela isikhathi sesidliwe yinja. Abafundi abafunde unyaka usaqala kanjalo nabasebenzayo abasebenze ngokuzikhandla unyaka usaqala ukuze **ngoZibandlela** wonke umuntu ezojabula. 18

**IMIBUZO**

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 | Tomula igama eliyinhloko yomusho emgqeni wokuqala. | (1) |
| 5.2 | Nikeza incazelo yesisho esibhalwe ngokugqamile esigabeni sokuqala. | (2) |
| 5.3 | Hlobo luni lwebizo elidwetshwelwe esigabeni sesibili emgqeni wesi-7 | (2) |
| 5.4 | Khipha imisho emibili eqondile emshweni obhalwe ngokugqamile esigabeni sesi- 2. | (2) |
| 5.5 | Yisho igama eliyibizomfakela laleli elibhalwe ngokugqamile esigabeni sesithathu. | (1) |
| 5.6 | Khanda imisho ekhombisa isandiso sendawo ngamagama abhalwe ngokugqamile esigabeni sesibili emgqeni wesi-9 kuya kowe-10. | (4) |
| 5.7 | Nciphisa igama elidwetshwelwe esigabeni sesithathu bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona. | (2) |
| 5.8 | Izingane ezimukayo zidliwa izilwane eziyingozi ezifana noshaka izimvubu kanye nemikhome<br>Phinda ubhale lo musho ongenhla ubhaleke ngendlela eyamukelekile. | (2) |
| 5.9 | Bhala isaga ngagama elithi "**umuntu**"bese usichaza | (2) |
| 5.10 | Sebenzisa igama "**inyanga**" emshweni ozakhele wona liveze imiqondo emibili ehlukene. | (2) |

**[20]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

## UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1 Amazwe amabili angomakhelwane wethu athekela ugesi kwa-Eskom yilawa: Lesotho, Swaziland, Botshwana, Mozambique, Namibia, kanye naseZimbabwe.
(**Amazwe amabili kwangenhla)** (2)

1.2 Kunemibono ethi asivele sikhohlwe ugesi sibuyele kokwakudala njengokuthi sigcwale amaqele, izinkalo, amahlathi, kanye namahlanze siyotheza izinkuni. (2)

1.3.Umonakalo omkhulu udaleke emabhizinisini kanye nasemabhange (2)

1.4 Inhlekelele isimo esithinta izwe lonke esinzima esingalawuleki kumbe esingabekezeleleki esidala umonakalo omkhulu empilweni yabantu, ukumoshakala kwempahla kanye nokukhinyabezeka komnotho. (2)

1.5 Izinkinga ezidalwa ukuhamba kukagesi emakhaya nasemsebenzini azifani.Emakhaya kuba nendlala awukwazi ukubeka ibhodwe eziko ukudla kuyonakala kugcine sekuchithwa ngisho ufuna ukulula izimpahla zokugqoka awukwazi kunogesi. Emsebenzini basuke behambele ubala ngoba bafika emsebenzini bahlale kumbe bahuqe ubuthongo uma ugesi ungekho. (2)

1.6 Inhloso yombhali ngokusethulela lesi siqeshana ukwethula izinkinga eziba semakhaya kanye nasemsebenzini ezidalwa uhlelo lokucima konga kukagesi. (2)
(**Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka.)**

1.7 Kungaba nenkinga enkulu ngoba kungaba nendlala, abantu bangaphelelwa imisebenzi ngoba izimboni zingavalwa, kungaba nokufa kwabantu ngoba abantu bengeke bakwazi ukuthola usizo lwezempilo. (3)
(**Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)**

1.8 B (2)

1.9 Iyophela ngoba intsha yakithi kumanje isemaNyuvesi iyafunda ngokukulu ukuzimisela kungenzeka kube yiyona eyoqeda nya ngale le nkinga.

NOMA

Angeke ize iphele ngoba isimo somnotho wezwe lakithi wehla mihla namalanga kanti nohulumeni akamile ukufakela wonke umuntu wakuleli okwenza ugesi usindelwe ngenxa yabantu abaningi asebesebenzisa ugesi. (2)
**( Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)**

1.10 Angivumelani.Angeke sikwazi ukuthi sibuyisele impilo yethu emuva ngoba ugesi wenza impilo ibe lula kanti wonga nesikhathi futhi usufana nengxenye yezimpilo zethu.

NOMA

Ngiyavumelana ngoba ugesi ususihluphe kakhulu manje kuhle sivele sikhohlwe phansi yiwona ngoba vele nokhokho bethu babephila ungekho kusho ukuthi nathi sisangakwazi ukuphila ngaphandle kwawo.
(**Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)** (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

**KANYE NO**

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.2.1 Abantu abassithombeni sokuqala abantu besifazane abahambayo bathwele izinkuni. (1)

1.2.2 Isizathu esenza ukuthi osesithombeni sesithathu alale yingoba kuhambe ugesi esasebenza ngekhompuyutha ehhovisi, ulinde kubuye ugesi ukuze ezokwazi ukuqhubeka nokusebenza. (2)

1.2.3 Cha angeke uqhubeke ngoba ukukhada izimoto kudinga usebenzise imishini ehamba ngogesi uma ugesi ungekho akusebenzeki. (2)

[5]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 25**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

**UMBHALO C**

| Amaphuzu acashuniwe | Amaphuzu ahunyushiwe |
|---|---|
| Incoso yayidikadikwa abanikazi bomuzi ngoba babengamakloza. | Inyama yayidliwa abamnumzane ngoba babeyithanda kakhulu. |
| Uma kuzelwe usana ekhaya kwakuphekwa umdokwe luphuziswe wona ukuze libe umqemane. | Ingane esanda kuzalwa yayiphuziswa iphalishi ukuze izophila ibe namandla. |
| Kwakuphinde kudliwe nohlaza ukuze umzimba uzothola amavihamini adingekayo. | Kwakubuywe kudliwe nemifino ukuze umzimba uthole umcoco odingekayo. |
| Amantongomane ayeshiswa ngebhodwe elishisayo bese bewafaka usawoti. | Amakinati babewathosa bese befaka usawoti. |
| Uma kwethwese ihlobo umndeni wawuzitika ngefutho. | Uma kungena ihlobo umama, ubaba kanye nezingane babedla ummbila omusha. |
| Uma izulu liqhaqhazelisa amazinyo babethanda ukuhubula umhluzi. | Uma kumakhaza babephuza isobho. |
| Okunye ukudla okwakwehla esiphundu futhi kuyintandokazi uma kothiwa ibandla kwakuyinhloko egxajisiwe yase ipholiswa. | Okunye ukudla okumnandi okwakudliwa amadoda uma ezihlalele nje kwakuyinhlko ebilisiwe yase iyalindwa ukuze iphole. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UKUFINGQA NGESIGABA**

KwaZulu inyama yayidliwa abanumzane ngoba babeyithanda akhulu. Kwakuthi uma umama esanda kuteta kodwa engenalo ubisi bese ingane beyiphuzisa iphalishi ukuze ibe ngumqemane. Ukuze umzimba uthole umsoco babebuye bedle imifino. Amakinati wona babewathosa, bawafake usawoti bese beyawadla. Uma sekungene ihlobo umama, ubaba kanye nezingane babethanda ukudla ummbila omusha obilisiwe noma owosiwe. Amakhaza babewaxosha ngokuthi baphuze isobho. Okunye ukudla okumnandi okwakudliwa amadoda uma ezihlalele nje kwakuyinhloko ebilisiwe yase iyalindwa ukuze iphole.

**INANI LAMAGAMA: 70**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]**

**INDLELA YOKUMAKA UKUFINGQA**

- Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyikho.

**UKWABIWA KWAMAMAKI**

- Amamaki ayisi-7 awamaphuzu
- Amamaki ama-3 awolimi.
- Amamaki esewonke: 10

**UKUCOZULULWA KWAMAMAKI OLIMI UMA OHLOLWAYO EWAHUMUSHILE AMAPHUZU**

- 1-3 amaphuzu: nikeza imaki eli-1 lolimi.
- 4-5 amaphuzu: nikeza amamaki ama-2 olimi.
- 6-7 amaphuzu: nikeza amamaki ama-3 olimi.

**UKUCOZULULWA KWAMAMAKI OLIMI UMA OHLOLWAYO EWACAPHUNE NJENGOBA ENJALO AMAPHUZU.**

- Uma umfundi ewacaphune njengoba enjalo amaphuzu esiqeshini wahluleka ukuwahumusha alikho imaki alitholayo lolimi.

**QAPHELA**

- Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe kepha alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokwehluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
- Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe kumele kufundwe lowo musho kuze kufike lapho uphela khona umusho bese ingabr isabhekwa imisho elandelayo.

**AMAKHODI ASETSHENZISWAYO UMA KUMAKWA UKUFINGQA**

**H- AMAPHUZU AHUNYUSHIWE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**C -AMAPHUZO AGASHUNIWE**
**L-ULIMI**
**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

## UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

### UMBHALO D

3.1 Kubantu abafuna ukuqasha Indawo yokugubha usuku lweMatric Dance. (1)

3.2 Okubili kwalokhu:

- U-DJ.
- I-Buffet
- Izithombe namavideo.
- Izinzipho
- Imoto
- Izinwele
- Izipho
- Iziphaqulo
- Indawo (2)

3.3 Inhloso yokusetshenziswa kwefonti enkulu egameni lehotela ukuheha abantu ukuthi basheshe balibone igama lehotela futhi bengalikhohlwa kalula. (2)

3.4 Yebo ngoba kukhona onogada okuyibona abakusizayo uma ufika nokuqinisekisa ukuthi kungena umuntu ofanele. (2)

**[7]**

## UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

### UMBHALO E

4.1 Yingoba usephinde wantshontsha imali emsebenzini. (2)

4.2 UZikode usetshenziswe waba nomzimba omkhulu ukutshengisa /ukugqamisa ukuthi akaswele lutho ngokuntshontsha imali emsebenzini. (2)

4.3 Umsebenzi owenziwa udokotela Khoza ukululeka abantu abanezinkinga ikakhulukazi ngokomgqondo. (2)

4.4 Yebo bengizoqhubeka nokumsiza ngoba njengoba eze kimi yingoba edinga usizo lokuphuma ebugebengwini.

**NOMA**

Cha bengingeke ngimsize ngoba akazimisele ukushintsha uyaqhubeka nokuntshontsha imali emsebenzini. (2)

**[8]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

5.1 Unyaka. (1)

5.2 kuhleli obala. (2)

5.3 Ibizomuntu. (2)

5.4 Kufakwa amaphoyisa amaningi. (1)
Abantwana bayalahleka. (1)

5.5 NgoDisemba. (1)

5.6 **Emadolobheni** amakhulu ubugebengu buningi kakhulu. (2)
**Olwandle** kugcwele izilwane ezinhlobonhlobo. (2)

5.7 **Isikhashana** (1)
Kube isikhashana esincane nje kwabe sekonakele. (1)
(Neminye imisho eshaya emhlolweni iyokwamukelwa)

5.8 Izingane ezimukayo zidliwa izilwane eziyingozi ezifana noshaka, izimvubu kanye nemikhome. (2)

5.9 Umuntu-Inkomo ingazala umuntu-Ngeke kwenzeke lokho
Noma
Umuntu ngumuntu ngabantu-Angeke ukwazi ukuziphilela wedwa uyabadinga abantu empilweni yakho (2)

5.10 Inyanga-elaphayo
Inyanga esesibhabhakeni
Inyanga yonyaka
(kulindeleke imisho eveza lemqondo) (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**